



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWESIBILI LOKWENGEZA (SAL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

NOVEMBA 2012

AMAMAKI: 80

ISIKHATHI: amahora ama-2

Leli phepha linamakhasi ayi-7.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

ISIQEPHU A: Indaba (40)
ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo (20)
ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo (20)

2. Abahlolwayo kulindeleke ukuba baphendule umbuzo OWODWA esiqeshini A, OWODWA esiqeshini B kanye noWODWA esiqeshini C.
3. Abahlolwayo mabafundisise kahle imiyalelo ngaphambi kokuba baphendule imibuzo. Mababhale basebenzise ulimi abahlolwa ngalo.
4. Abahlolwayo mabaqale umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.
5. Abahlolwayo mababhale uhlaka ekhasini lephepha labo lokuphendula imibuzo, lube sekhasini lwalo lodwa. (Indaba kuphela edinga uhlaka.)
6. Abahlolwayo bayayalwa ukuba basebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:
- ISIQEPHU A: amaminithi angama-60
ISIQEPHU B: amaminithi angama-30
ISIQEPHU C: amaminithi angama-30
7. Abahlolwayo mabangaziguquli izimpendulo zemibuzo. Mabazibhale njengoba zinjalo ephepheni lemibuzo.
8. Nikeza indaba yakho isihloko esiyifanele. Amagama esihloko awabalwa kubalwa amagama okuqethwe kuphela.
9. Abahlolwayo mabaqaphelisise isipelingi nokwakheka kwemisho.
10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

Ubude bokubhala lo msebenzi buhamba kanje:

ISIQEPHU A: Bhala ngamagama ayi-150 ukuya kwayi-180. Khumbula ukuthi uphoqelekile ukuba wenze uhlaka lube sekhasini lwalo lodwa.

ISIQEPHU B: Umbhalo mawube odlulisa imiyalezo ube ngamagama angama-60 ukuya kwangama-80.

ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane enemiyalezo, mayibe ngamagama angama-40 ukuya kwangama-60.

ISIQEPHU A: INDABA**UMBUZO 1**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-150 ukuya kwayi-180.

QAPHELA: Ungakhohlwa ukwenza uhlaka lwendaba yakho.

- 1.1 Usuqede iminyaka eyi-12 usesikoleni. Kusukela waqala ukufunda kukhona uthisha omthandayo futhi ongasoze wamkhohlwa. Bhala indaba ngesihloko esithi:
- Uthisha Engimthandayo Empilweni Yami. [40]
- 1.2 Ukuzibulala Kwabafundi. [40]
- 1.3 Ukuphathwa kwamaselula ezikoleni sekube nemiphumela (results) eminingi engemihle. Bhala indaba uyiphe isihloko esithi:
- Izinkinga Ezidalwa Ukuphathwa Kwamaselula Ezikoleni. [40]
- 1.4 Impilo yethu sonke incike (based) ezintweni esizilethelwa imvelo (nature), yingakho kubalulekile ukuphatha kahle imvelo. Bhala indaba ekhuluma ngobuhle nokubaluleka (importance) kwemvelo kubantu nasezilwaneni. Yiphe isihloko esifanele indaba yakho. [40]

- 1.5 Khetha isithombe ESISODWA kulezi ezilandelayo bese ubhala indaba ngaso. Ungakhohlwa ukuyinika isihloko. Bhala inombolo yesithombe osikhethile njengoba injalo.

QAPHELA: Indaba yakho mayihambisane nesithombe/okwenzeka esithombeni osikhethile.


1.5.1



[Sicashunywe: Iphephabhuku *iBona* kaMeyi 2009]

[40]

1.5.2



[Sicashuwe: Inkanyezi; Shuter & Shooter 2004]

[40]


1.5.3



[Sicashunywe: Siyazidla NgesiZulu, Oxford University 2008]

[40]

1.5.4



[Sicashunywe: Kwiphephabhuku i-Drum kaMashi 2010]

[40]

AMAMAKI ESIQEPHU A:

40

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO**UMBUZO 2**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

- 2.1 Bhalela inkampani yakwaVodacom **incwadi** ucele ibhasari/umfundaze ukuze ukwazi ukuqhuba izifundo zakho eNyuvesi ngonyaka ozayo. [20]
- 2.2 Bhalela umzala (cousin) wakho **incwadi** ucele umsebenzi wesikhashana (temporary job) erestoranti yakhe ngamaholide kaDisemba. [20]
- 2.3 Ekuseni ngesikhathi uya esikoleni kuqhamuke abafana ababili bathatha isikhwama sakho sesikole nezicathulo. Laba bafana bafunda esikoleni esiseduze kwesikole sakho. Bhalela uthishomkhulu wakho **iriphothi/umbiko** ozosiza ukwenza uphenyo. [20]
- 2.4 Buka isithombe esilandelayo bese ubhala **ingxoxo** phakathi kwalaba bantu abasesithombeni. Khumbula ukubhala isihloko esihambisana nengxoxo yakho.



[Sicashunywe: IsiZulu Esicebile Shuter & Shooter 2006]

[20]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 20

ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO**UMBUZO 3**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-40 kuya kwangama-60.

- 3.1 Uthisha wenu wesiZulu azonivakashisa endaweni lapho enizofunda ngamasiko ahlukeni izinsuku ezintathu. Bhala yonke **imiyalelo** (instructions) aninike yona nezinto okufanele nizophathe kulolu hambo lwenu. [20]
- 3.2 Uzogubha (celebrate) usuku lokuzalwa. Bhala **ikhadi lesimemo** ozolinika umngane wakho ukuze azojabula kanye nawe ngalolu suku. [20]
- 3.3 Intsha (youth) yasesikoleni senu izoba nomcimbi wokugubha usuku lwamasiko, 'Heritage Day' mhla zingama-24 kuSeptemba 2013. Dweba **iphosta** ezobekwa esigxobeni sikagesi (street pole). [20]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 20

AMAMAKI ESEWONKE: 80